

UKUKHOLWA

 Ngiyabonga, mfowethu.

² Ningahlala phansi. (...?...?) Ngijabula kakhulu ukuba lapha kulobubusuku enkonzweni yeNkosi yethu ebusisiweyo. Omunye usanda kuthatha isithombe sami ngingena phandle lapho, futhi bengibuka ikhamera futhi bengingakwazi futhi kul'khuni ukuba ngikubone.

³ Siyaxolisa kakhulu ukuthi asinayo indawo eyenele ukuba abantu bahlale phansi, kodwa siyazi ukuthi iNkosi yethu izohlangabezana nezidingo zethu. Futhi kusasa, nonke nina bantu abavakashile abalapha edolobheni abavela ngaphandle kwedolobha futhi uzohlala nathi ngezinkonzo zakusasa, thola indawo yakho kwelinye lalamabandla amahle lapha. Lababefundisi lapha, ngicabanga ukuthi lolu uhlu lwabefundisi, okwedlula konke engikwaziyo, nalaba ngabefundisi onamabandla ezweni lonke lapha, bebeyojabula kakhulu ukuba nani njengezivakashi zabo kusasa ebandleni labo.

⁴ Bonke abefundisi oseduzane nalapha, ungasukuma ume ngezinyawo zakho ukuze izethameli zikwazi, uma zingakaze, uma uzo...? Lokho kulungile. Lokho kwenzelwa nje ukuba babone ukuthi uvelaphi. Bonke abefundisi ababambisanayo, ningama ngezinyawo zenu na? Ukuze abantu bazi ukuthi nina bantu ningobani lapha osilethe lapha kulelidolobha. INkosi inibusise. Futhi manje, uma ulapha, iya emhlanganweni wabo, bayojabula kakhulu ukuba nawe.

⁵ Futhi manje, kusasa ekuseni ngicabanga ukuthi ngizophuma ngibe nomkhuleko, ukunikelwa kwebandla. Kusasa ntambama, uma iNkosi ithanda, ligamenxe elesibili, ngifuna ukukhuluma ngendaba, indaba yokuvangela: *Lapho UKhozi Luhlakaza Isidleke Salo*. Bese kuthi-ke kusasa ebusuku, iNkosi ithanda, ngifuna ukukhuluma ngokuthi: *Inhliziyo Emaphakathi NeNhliziyu*. Lokho kuyoba yizinkonzo zokuvala.

⁶ Khona-ke ngeviki elizayo, siqala nje idolobha elingumakhelwane wenu ngapha e-Ohio, futhi yiSonto kuze kube yiSonto, nenqwaba yendawo lapho, ngiyacabanga, ya—yabantu. Bese-ke siqhubekela ezifundeni zaseNew England, sibuyele eDallas, eTexas, bese-ke siya eThekwini, eNingizimu Afrika, nasenhla eSwitzerland, eJalimane, eHoly Land, futhi ngihlose ukubuya ngekwindla elandelayo futhi.

⁷ Siyajabula ukuba yinceku yaleNkosi uJesu enkulu esiyithanda kakhulu, futhi sijabula kakhulu ukwazi ukuthi sinalenhlanganyelo nani, abantu baKhe. Kusinika inhlanhla enkulu ukuba lapha ukukhonzisa eGameni laKhe.

⁸ Manje, ngaphambi nje kokuba sifunde ingxenye yeZwi laKhe eliligugu, ukuze sizongena ngqo enkonzweni, ngiyakhipha, ngiyakholwa, noma uDkt. Vayle, engibambisene naye, uthe kulobubusuku siyoba nalokho okwakubizwa ngokuthi, “umugqa wokukholwa.” INkosi ibisibusisa evikini, uma bekhona abaqala ukufika lapha, futhi sinawo kulobubusuku, “umugqa wokukholwa,” labo abaphethe ikhadi lomkhuleko bazoletswa ngomugqa. Kusasa, uma iNkosi ithanda, amakhadi omkhuleko azokhishwa enkonzweni yantambama, nasenkonzweni yakusihlwa, futhi.

Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko.

⁹ Nkulunkulu onomusa, siyajabula kulobubusuku ngenhlalala esinayo yokwazi ukuthi singabantwana baKho ngomusa, ngoJesu Kristu, iNkosi yethu. Sijabula kakhulu ukuthi iVangeli elidala elibusisiwe alikaze lilahlekelwe amandla alo, ukuthi uJesu uhlala enguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi sizocela isibusiso esikhethekile phezu kwalababantu kulobubusuku, O Nkulunkulu, sicela ukuthi Uzothululela uMoya waKho phezu kwabo, siphe okwedlulele, ngokuchichimayo. Siphe, O Nkulunkulu, ukuthi akuzukubakho noyedwa umuntu oseBukhloneni bobuNkulunkulu oyoke enze mnyama lezozindonga ezinenhlamba zabalalekile esihogweni. Uma kubakhona owesilisa oyisoni, noma owesifazane, umfana, noma intombazane kulobubusuku, kwangathi bangacabanga ngalezizinto futhi babe yinceku yaKho kulobubusuku.

¹⁰ Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Awuzukuvumela noyedwa umuntu aphume kulesisakhiwo ngaphandle uma bephulukisiwe ngamandla aKho, futhi uwubonile umbono futhi wawemukela. Futhi ngiyakhuleka, Baba, futhi, ngalabo abangakwazi ukuhlala phansi futhi babe sekuthokomaleni, bamile nezitho zabo zibuhlungu, sizocela ukuthi Uzobabusisa ikakhulukazi, ukwenze kube lula kubo manje okwemizuzwana embalwa nje njengoba uMlayezo uphuma. Khuluma ngezindebe zethu futhi ulalele ngezindebe zethu, Nkosi, futhi kwangathi iGama laKho elikhulu lingahlonishwa. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

¹¹ Kuleliviki ngize kini ngingakwazi ukukhuluma kodwa kancanyana nje, ngoba kube l'khuni ukuba ngibe nobusuku kusukela ngoKhisimusi, ngikhuluma njalonzalo. Futhi saqala eChicago lapho iNkosi yasinika inkonzo emangalisayo kakhulu. Futhi kwakusesiphephweni seqhwa, futhi wonke amadolobha esiwavakashela kusukela lapho abesesiphephweni seqhwa. Futhi ngitshele uDkt. Vayle, ongomunye nje wabahambisana nami abasha, bengizombiza ngo “Sichotho seqhwa Vayle” kusukela manje kuqhubeke, ngoba wonke umhlangano esibona nawo, bebenesiphepho seqhwa.

¹² Emhlanganweni waseChicago sisathola izimfakazo ezinkulu. Eyodwa nje engingathanda ukuyiphatha manje nje: UBilly wayenikezela ngamakhadi omkhuleko ngobunye ubusuku, futhi kwakukade kukhona owesifazane omncane, omncane, owesifazane waseSweden ojwayelekile, futhi wayegqoke hlwempu, futhi wathi, “S’thandwa, unganginginika ikhadi lomkhuleko na?”

Wathi, “Mama, ngisanda kukhipha ikhadi lokugcina, ngihamba.” Wathi, “Nokho, kusasa ebusuku hlangana nami lapha, ngizokunika ikhadi lomkhuleko.”

Wathi, “Ayibusiswe inhliziyi yakho, s’thandwa, lokho kuzolunga.” Ngakho uyangena, ufanele ukuthi wakhwela wangena kuvulande osesitezi sesibili noma sesithathu.

¹³ Ngenkathi uMoya oNgcwele usekhona, esakhiweni ngalobobusuku, ugcobo, Wenyakela esicongweni sozulandi abasesitezi, wathi, “Inenekazi elincane elihlezi phezulu lapho,” okwakuyinenekazi elifanayo, “likhulekela umyeni walo, ongumlawuli emzileni kaloliwe, futhi uyisithulu endlebeni eyodwa, usanda kwemukela ukuzwa kwakhe.” Labuka iwashi lalo, futhi ngenkathi lifika ekhaya ngalobobusuku, umyeni walo wayemi emnyango ekhiphe izingalo zakhe, ememeza, wayethole ukuzwa kwakhe ngalowomzuzwana nje, kwabonwa ngumbono.

¹⁴ Inenekazi eliyikhaladi lihlezi ebangeni, uMoya oNgcwele wahamba waya kulo futhi walitshele ukuthi lalivela edolobheni elingumakhelwane, nokuthi lalihlushwa yisifo sikashukela, futhi walimemezela ukuthi lase liphulukisiwe, futhi wathi, “Futhi, udadewenu, owesifazane oqatha, use-Arkansas esikhungweni sezinhlanya, iminyaka eyishumi ehlala phakathi, uhlanya, ushaya ikhanda lakhe odongeni.” Nenenekazi lafakaza ukuthi lelo kwakuyiqiniso. Futhi Wathi, “Kodwa ISHO KANJE INKOSI: Usanda kuswanguluka manje.”

¹⁵ Futhi ngalo lelohora elifanayo owesifazane waswanguluka. Ngakusasa ekuseni wakhishwa ngokukhishwa esibhedlela ngoba wayengasadingi ukunakekelwa ukuthi wayeseophile saka, washayela udadewabo futhi wambingelela ocingweni. Futhi ngobusuku obulandelayo owesifazane, nobufakazi bakhe, indlela ayechazwe ngayo, emi emsamo enikeza udumo kuNkulunkulu uSomandla. Usaphila.

¹⁶ Indoda, ngomngane wayo, imi emsamo enhla eWyoming, owayekhubazekile emhlane wakhe iminyaka eminingana, wamtshela ukuthi umngane wayo wayezophulukiswa emahoreni ayishumi nambili alandelayo. Futhi ekupheleni kwamahora ayishumi nambili indoda yasukuma esihlalweni sayo esinamasondo yase ihamba, futhi iza e, yangena esitimeleni, yeza emhlanganweni futhi yafakaza enkazimulweni kaNkulunkulu.

¹⁷ O, asijabuli yini kulobubusuku ukwazi ukuthi ubuKristu abusikho ukukhohlisa na? Yinto engeyangempela; uNkulunkulu ungowangempela kakhulu.

¹⁸ Ngifuna ukufunda ivesi elilodwa nje eBhayibhelini laKhe, futhi lokho kutholakala kuMarku oNgcwele isahluko 11 nevesi 22. Nje ngikhulume nani imizuzwana embalwa; futhi kwangathi uNkulunkulu angasinika ingqikithi.

*UJesu waphendula wathi kubo, Kholwani
nguNkulunkulu.*

¹⁹ Kushiwo emiBhalweni ukuthi “Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo.” Futhi njengoba besizoba nomugqa wokukholwa kulobubusuku, ngicabange ukuthi bekuyofaneleka ukukhuluma kancanyana nje ngokuthi: *Ukukholwa*.

²⁰ Manje, abantu abaningi bacabanga ukuthi...abazi nje ukuthi kubanjwa kanjani ukukholwa.

²¹ UJesu wayekade ekhuluma kubafundi baKhe futhi Wathi kubo, “Kholwani nguNkulunkulu.” Kodwa ngaphambi kokuba Enze lokhu, Wayenze isimangaliso ukubakhombisa ukuthi uNkulunkulu wayesasebenza, ukuthi Wayesaphila. Wayeshilo esihlahleni kuthangi, “Akusekho-muntu odla kuwe kusukela manje kuze kube-yisikhathi.” Futhi ngosuku olulandelayo uPetru waqaphela ukuthi isihlahla sase siqale ukubuna ezimpandeni; Wayekhombisa lapho nje ukuthi kwakuchaza ukuthini. Futhi uJesu, mhlawumbe, hhayi iPhimbo eliphakanyisiwe, kodwa nje ngokukholwa kwangempela, wathi, “Akekho odla kuwe.” Nesihlahla siqala ukubuna, ukuphila kwaphuma esihlahleni.

²² Manje, ngaphambi kokuba Afundise abafundi baKhe Akwenzayo, Ufanele abakhombise kuqala ukuthi WayenguBani. Futhi yileyondlela Asenza ngayo. Njengoba ngishilo ngaphambili, lapho isehlakalo sivuka esidinga ukuba uNkulunkulu abizelwe enkundleni, nendlela uNkulunkulu enza ngayo kulesosenzeko, futhi uma isenzeko esifanayo besiyoke sivuke futhi, uNkulunkulu uzofanele enze ngendlela efanayo Enza ngayo kuqala, noma uma Engakwenzanga, Wenza ngokungesikho ngenkathi Enza okokuqala.

²³ O, kubonakala kuyinto el'khuni kubantu ukuqonda ukuthi ukukholwa kuyini. Manje, abantu abaningi bacabanga ukuthi ukukholwa kuyinto nje efana no—nokuhlikihla, noma ukuthinta isigxobo esiqoshwe umfanekiso wesilwane esiwuphawu lwesizwe, noma amadlingozi athize engqondo, lokho akusikho ukukholwa, izikhathi eziningi lokho ngukuxhuxhuma, ngezinye izikhathi yithemba. Ngizwe abantu abaningi bethi, “O, nginakho konke ukukholwa,” kodwa-ke bami emgqeni womkhuleko. Ukuba bebenalolohlobo lokukholwa, bebengeke,

badingeke babesemgqeni womkhuleko. Niyabo, ngukukholwa nje kwamadlingozi.

²⁴ Manje bhekisisani, “Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo.”

²⁵ Manje, uma bengibulawa yindlala futhi wangisindisa, ngase ngithi, “Ukuba benginolofu owodwa wesinkwa, ubuyosindisa impilo yami.”

²⁶ Futhi ubuyothi, “Mfowethu Branham, ngizokulungisela lokho,” futhi unginike amasenti angamashumi amabili nanhlanu, awu, amasenti angamashumi amabili nanhlanu ngamandla okuthenga ulofu wesinkwa, manje nokho, anginawo ulofu wesinkwa, kodwa nginamandla okuthenga ulofu wesinkwa.

²⁷ Manje, nina bantu lapha enigula ngempela, ngifuna nilalelisise manje: Manje, lawomasenti angamashumi amabili nanhlanu ngukukholwa kwakho, ukukholwa kwakho kungamandla okuthenga okuphulukiswa kwakho. Manje, ukuba benginamasenti angamashumi amabili nanhlanu, bengekeke ngidle amasenti angamashumi amabili nanhlanu. Amasenti angamashumi amabili nanhlanu akusiso isinkwa, kodwa ngamandla azothenga isinkwa. Manje, lapho wemukela ukukholwa, ukukholwa kungamandla okuthenga okuphulukiswa kwakho.

²⁸ Manje, kanje: Uma unginika amasenti angamashumi amabili nanhlanu, futhi mhlawumbe isitolo segrosa besiqhele ngamayela amahlanu, kodwa ngingathokoza kakhulu nje ngamasenti angamashumi amabili nanhlanu esandleni sami, njengoba bengingenza ngolofu wesinkwa esandleni sami, ngoba ngiphethe amandla okuthenga isinkwa.

²⁹ Manje lalala, mngani, lapho wemukela ukukholwa, uma ukukholwa ngempela, usufana nje nophulukisiwe ngayo leyonkathi, nakuba ungahle ungakwazi ukunyakaza. Manje, akusiyo into oyicabangelayo, akusiyo into osebenzela kuyo, kuyinto onayo, unayo. Ngingakukhombisa amasenti ami angamashumi amabili nanhlanu, lawo ngamandla okuthenga isinkwa; futhi lapho unokukholwa, ukufakazisa ngendlela owenza ngayo.

³⁰ Manje, ngingahle ngidingeke ngihambe ibanga elide ngaphambi kokuba ngithole isinkwa, kodwa ngingathokoza yonke indlela, futhi ngiya ngokulamba kakhulu futhi ngiba buthakathaka ngaso sonke isikhathi, kodwa nokho ngithokoza ngaso sonke isikhathi, ngoba nginamandla okuthenga isinkwa.

³¹ Nansi insizwa ihlezi lapha esihlalweni esinamasondo, uNkulunkulu wazi indoda kuphela ngokwazi kwami, abangani bayo bayayazi, abantu bakubo bayayazi, nansi enye indoda ihlezi esihlalweni esinamasondo, inenekazi lilele ohlakeni lombhede, indoda ehlezi lapha nezinduku zokuqhugela,

ibambile, izesekela yona uqobo, uma labobantu bebengemukela ukukholwa kuphela, khona-ke lokho kukholwa...uma bebengakwazi ngisho nokunyakaza nakancu kangcono kunoma bebengenza ngenkathi bengena lapha, bekungeke kube nodokotela abayizinkulungwane eziyishumi ababatshela ukuthi bebengeke baphile. Niyabo? Yinto onayo, uyiphethe.

³² Futhi manje, ngokwejoyekekile isehlakalo siphelekezela ukukholwa. Futhi yingalesosizathu ukuthi, ngokwejoyekekile, kuthatha umuntu ojwayelane noKristu, njengokuthethelelwa kwezono zabo, ukwazi ukuthi Ukuthethelele, unesehlakalo lapho uzelwe ngokusha ukuthi uKristu wakuthethelela futhi uyakwazi, ngakho-ke ngalelosehlakalo, kulula khona-ke kuwe ukukholwa uNkulunkulu nganoma yini Ayethembisa.

³³ Manje qaphelani, akusiyo njalo indoda eqeqeshiwe. Lapha, ake sithathe ezinye izibonelo okwesibonelo nje. U-Israyeli wayebizelwe empini emelene namaFilisti. Futhi amaFilisti, njengoba nje—njengoba bekuyoba njalo namhlanje, babenophosela inselele omkhulu ogama linguGoliyati. O, wayeyindoda enamandla! Iminwe yakhe wawuyishumi nane i-intshi ubude, nomkhonto wakhe wawungusayizi wenalithi yomaluki, mhlawumbe kusukela lapha kuya odongeni. Futhi wona isiphakamiso no-Israyeli. U...

³⁴ Yileyondelela isitha esizokwenza ngayo, uma singabona ukuthi sinokulawula, siyohlala njalo sihlongoza nawe, kodwa lapho sisekhoneni, siyigwala, ngokuba udeveli wehluliwe, akalutho kuphela ungumkhohlisi. Uma leliBhayibheli liyiqiniso, okungukuthi Liyilo, uKristu wamhlubula onke amagunya angokomthetho ayenawo eKalvari, Wakhokha inani eligcwele ngesono nazo zonke izingxenye ezingahlukaniseki zaso.

³⁵ Kodwa manje, lomFilisti uyaphuma, wathi, “Masingabi nokuchitheka kwegazi okukhulu, masingabi nankathazo. Asithi nje, zikhetheleni indoda futhi sizozikhethela indoda, lowo yimina, futhi asiphumele lapha futhi silwe, uma ngibhaxabula indoda yenu, khona-ke nonke nisikhonze; uma ingibhaxabula, khona-ke sizonikhonza.”

³⁶ Impela. Ubani obengabhekana ngamandla naleso siqhwaga esikhulukazi na? Uma kwakukhona noma yimuphi umuntu ebuthweni lonke lakwa-Israyeli owayeyokwazi ngokomzimba, kwakuyoba nguSawulu. USawulu wayeyinkosi, neBhayibheli lasho ukuthi wayekhanda namahlombe ngaphezu kwanoma yimuphi umuntu ebuthweni lakhe. Akusikho lokho kuphela, kodwa wayeyindoda eqeqeshwe kahle, wayewazi onke amasu ezempi, wayekade efundiswe esikoleni kusukela esengumfana ngokwazi ukuthi uphathwa kanjani umkhonto noma inkemba. Kodwa wayesaba ngoba isiqhwaga sasimkhohlisile.

³⁷ Kodwa niyazi, uNkulunkulu njalo unomuntu ongesabi. Emuva le kwingemuva logwadule, olusa izimvu zikababayi

wakhe kwakungomdadlana, obomvana, umfana omahlombe aqhothile owayazi okuthize ngoNkulunkulu. Wayengesiso isilwi esiqeqeshiwe, kodwa ngenkathi ezwa lesosiqhwaga senza lesosisho, wathi, “Niqonde ukungitshela ukuthi nizoma lapha futhi nivumele lowomFilisti ongasokile adelele izimpi zikaNkulunkulu ophilayo na? Uma nonke nesaba, angihambe ngilwe naye,” indoda engahlomile kakhulu eyayikhona eqenjini.

³⁸ Futhi izikhathi eziningi lapho udeveli ebophe abantu bakithi phansi kwezinkolelo-ze ukuthi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuwuhlobo oluthile lwesigxobo esiqoshwe umfanekiso wesilwane esiwuphawu lwesizwe, noma into ethize eyayisemuva onyakeni owadlule...UKristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Nengxenye edabukisayo, ezinye zezifundiswa eziqeqeshwe ukwedlula zonke esinazo ziyesaba ukubhekana ngamandla nomsebenzi, abanye bababhishobhi bethu namakhulu, amadoda afundile, ngoba into kuphela abayaziyo yiZwi, abakaze babe nesehlakalo sangempela noNkulunkulu. Futhi uDavide wayazi ukuthi wayekhuluma ngani, wayengaqeqeshiwe kahle kangako, kodwa wayazi ukuthi wayethembe Bani.

³⁹ Yileyo indaba namhlanje ngamadoda ayizifundiswa, amahlelo amakhulu emva kwawo, kodwa ayesaba ukuthatha lesosinqumo sokuma. Ngezinye izikhathi uNkulunkulu ufanele ehle futhi athole esincane, esingazi lutho, isigejane sabashumayeli abangafundile okul’khuni ukuba sazi o-ABC baso ukuba simele lokho esikwaziyo ukuthi kuyiqiniso, ngokuba babenesehlakalo.

⁴⁰ Akunandaba ukuthi uqeqeshwe kahle kangakanani, uma ungenaso isehlakalo! Ubungeke ufune udokotela akuhlinze ongakaze abe nesehlakalo, wawuyisiguli sakhe sokuqala, impela qha. Sidinga amaKristu anesehlakalo, aziyo ukuthi wethenjwa kanjani uNkulunkulu.

⁴¹ Futhi uDavide ngenkathi enyuka, bamletha phambi kukaSawulu, noSawulu wathi, “Ngani, ubungeke ulwe naleyondoda, ngani, awulutho kodwa omncane, umfanyana obomvana.” Futhi wathi, “Usemusha nje, futhi uyiqhawe kusukela ebusheni bakhe.”

⁴² Wathi, “Kodwa Sawulu, yinye nje into ongayazi, ngaba nesehlakalo. Emuva kwingemuva logwadule ngolunye usuku, nga lethwa kwelamanqamu, ingonyama yagijima yangena yase ithatha enye yezimvu zami, ngayishaya ngayilahla phansi ngendwayimane, futhi yavuka yamelana nami, ngase ngiyibulala. Nebhere lathatha izinyane, ngase ngilibulala. NoNkulunkulu owangophula oziphweni lwengonyama nebhere uzongikhulula emkhontweni walowomFilisti ongasokile.”

⁴³ Wayazi ukuthi wayekhuluma ngani. Wayengenakho ukuqeqeshwa okuningi, kodwa wayemazi uNkulunkulu

waseZulwini, wayengadingi kuqeqeshwa. Anikudingi uma nimazi uNkulunkulu. Futhi wanqoba umFilisti ngoba uNkulunkulu wayenaye. Ini? Wayenesehlakalo, ngakhoke wayenokukholwa, ngoba wayazi ukuthi uNkulunkulu wayenzeni uNkulunkulu wayengakwenza futhi, nenhlekelele yayikhona futhi uNkulunkulu wayezothatha isinyathelo.

⁴⁴ O, anikuboni na? UNkulunkulu ubophezelekile ukuba enze ngaso sonke isikhathi, Ufanele, ukuze abe nguNkulunkulu, uma nje ungeke uMngabaze. Ufanele akwenze ukuze ahlale enguNkulunkulu. Niyabo, siya ngokuhlakanipha ngokwedlulele, izizukulwane zisenza sihlakaniphe ngokwedlulele, sifunda ubuhlakani bobaba bethu, kodwa uNkulunkulu wayengongenasiphelo kwasekuqaleni nje, Akabi ngohlakaniphe ngokwedlulele. Akwenza esikhathini sokuqala, Ufanele akwenze ngaso sonke isikhathi, ngoba Wayephelele kwasekuqaleni. Nezenzo zaKhe, nezinjongo zaKhe, namandla aKhe, nakho konke lokho Ayeyikho, kwakuphelele kwasekuqaleni, Akadingi noma yikuphi ukufundiswa esikoleni.

⁴⁵ Manje qaphelani futhi, kwakunguMose owayekade esezansi eGibhithe futhi wayenayo yonke imfundo, futhi wafundiswa kukho konke ukuhlakanipha kwabaseGibhithe, okubonakala kukude le ngaphezu kokuhlakanipha kwethu namhlanje, futhi wafundiswa kukho konke, waze wakwazi ukufundisa othisha babo. Uma kwake kwaba khona umuntu owayefanelekile ngemfundo, kwakunguMose. Wayeyindoda yezempi, wayazi zonke izindlela zokulwa nazo zonke izimpendulo, kodwa waya kukho ngokungesikho futhi wehluleka kuNkulunkulu.

⁴⁶ Kodwa ngoluny'usuku emuva kwingemuva logwadule... Into kuphela ayeyazi ngoNkulunkulu kwakuyilokho unina ayemfundise khona, leyo yincwadi, leyo yimfundo yakhe. Kodwa ngoluny'usuku kwingemuva logwadule, wayeluse izimvu zikamukhwe wakhe, futhi wahlangana noNkulunkulu esihlahleni esivuthayo, okungaphezu kwemvelo, futhi emizuzwini emihlanu eBukhoneni balesoSidalwa esingaphezu kwemvelo, wayehlome kangcono kunakho konke ukuhlakanipha iGibhithe elalingamnika khona. Imizuzu emihlanu ngaphambili, wayeyigwala elibalekayo, kodwa emva kwalesosehlakalo sobuka seBukhoneni, futhi azi ukuthi uNkulunkulu wamaHeberu wayephila, wenza ngokwehlukile kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke.

⁴⁷ Ake simbuke, nansi indoda endala, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, ubuhwanqa bulenga okhalweni lwayo, futhi ngakusasa ekuseni simthola esendleleni ebheke ezansi eGibhithe, lapho ayefunwa khona ngokubulala, ehlela eGibhithe ukuyolidla. Ungathini nje lokhu ukubona na? Bukani nje ukuthi ukukholwa kwenzani, futhi kubukeka sengathi kuyinto enobuqaba kakhulu, futhi uNkulunkulu ngezinye izikhathi wenza izinto ezibonakala ziwubuwula

emqondweni womuntu. Kodwa, “Ngokukholwa uMose wathi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyingcebo enkulu kunengcebo yaseGibhithe.”

⁴⁸ Bukani lenkundla: Ikhehla, elineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, umkalo ehlezi egxamalazele umnyuzi nengane enqulwini ngayinye, uMose omdala eshaya induku emhlabathini, ehamba edumisa uNkulunkulu. “Uyaphi, Mose na?”

“Ngehlela eGibhithe ukuyolidla.”

⁴⁹ “Wehla ukuyolidla.” Ukuhlasela komuntu oyedwa! Nengxenye enhle, wakwenza. Ngani na? Wayenokukholwa kuNkulunkulu ayenesehlakalo naye, uNkulunkulu Owenza umehluko. Wayengakudingi ukuqeqeshwa kwakhe kwezempi, wayengayidingi imifundaze yakhe, wayedinga isehlakalo, nesihlahla esivuthayo sasinalokho uMose ayesilele kukho.

⁵⁰ Leyo yinto efanayo kulobubusuku ngebandla, uMoya oNgcwele unalokho ibandla elikuntulayo, lokho ngokuvuthayo, ukukholwa okunguna phakade. Impela. Kwakumangalisa ukubona ukuthi uNkulunkulu wayezenza kanjani lezozinto. Waligumbuqela, futhi wenza into ehlukile ngenxa yokuthi uNkulunkulu wakwenza.

[Umfowethu ukhuluma ngezilimi, bese-ke ehumusha—Umhl.]

⁵¹ Ayibusiswe iNkosi. Ehla ukuyolidla, futhi wakwenza, ngoba wayenesehlakalo ukuthi uNkulunkulu wayesaphila.

⁵² U-Abrahama, ehla evela eKaledi, izwe lase-Uri, futhi emva kokuba esehlangane noNkulunkulu futhi waba nesehlakalo, wayekwazi ukubiza lezozinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona, ngoba wayekhulume noNkulunkulu. Kuthatha isehlakalo, impela kuyakwenza, ukukhululwa. O, kudingeka kanjani!

⁵³ Ngezinsuku zeNkosi yethu ngaphambi kokuba Ishiye umhlaba eZenzweni 1:8 Yathi, “Hlalani emzini waseJerusalema, nize nembathiswe amandla avela Phezulu.” Ngiwucaphune ngokungesikho umBhalo, lowo nguLuka 24:49. IZenzo 1:8 zithi, “Niyakwamukeliswa amandla uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu.”

⁵⁴ Futhi ake siqaphele, kwakukhona isigejane sabancane, abantu abanobugwala, ikhulu namashumi amabili ekamelweni eliphezulu, futhi babeneminyango ivaliwe ngoba babesaba izinsongo zamaJuda. “Kwase kuthi-ke kungazelelwe kwavela eZulwini inhlokomo kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla futhi yagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo.” O, babesaba imizuzu embalwa ngaphambi kwalokho, kodwa nampa lapha bonke babephandle esitaladini bebabaza futhi bedumisa uNkulunkulu. Babekade benesehlakalo esasibokhele

ngomlilo owawungashisa umhlaba wonke ngalolosuku. Babenesehlakalo, yilokho esikudingayo. Isehlakalo sihambisana nokukholwa.

⁵⁵ Kusobala, ngenkathi uFiliphu ehlangane neNkosi uJesu, futhi wayeMbonile etshela uPetru, noma, igama lakhe kwakunguSimoni, futhi wamtshela ukuthi wayengubani, futhi wamtshela ukuthi igama lakhe lalingubani, futhi wamtshela ukuthi igama likayise lalingubani, kwakusemva kokuba uFiliphu esebone lokho kwenziwa ukuze akhuthaze uNathanayeli amthola eguqe ngamadolo akhe, ekhuleka.

⁵⁶ Kwakungemva kokuba uNathanayeli esefikile eBukhoneni bukaJesu, futhi ngenkathi enza, uJesu wathi, “Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!”

Wathi, “Rabi, Ungaze nini na?”

Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, Ngakubona ngenkathi ungaphansi komuthi.”

Kwakungemva kwalesosehlakalo ukuthi wayengawela ezinyaweni zaKhe futhi athi, “Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli.” Kwakungemva kokuba esebone ukunyakaza nokusebenza kukaMoya oNgcwele kulowoMuntu; futhi wazi ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya.

⁵⁷ Kwakungemva kowesifazane omncane, mhlawumbe enhliziyweni yakhe wazi ukuthi wayenze okungalungile, futhi wazi ukuthi wayengowodumo olubi, ehlala namadoda ayisithupha, ukuthi waphuma ngelinye ilanga waya emthonjeni eSamariya... Futhi emgwaqeni owenyukayo akungabazeki ukuthi wayecabanga ngakho, egxilisa ingqondo. Yingakho sigejha uNkulunkulu kakhulu kangaka, sicabanga ngezinye izinto esikhundleni saKhe, cabanga ngaYe. Lapho enyuka ecabanga ngakho, “O, ngiyaxolisa kakhulu ukuthi ngone impilo yami, kodwa ngolunye usuku olukhazimulayo uMesiya omkhulu uzofika, futhi lapho Efika, Uzokuqondisa lokhu.”

⁵⁸ Futhi ngenkathi enyukela lapho, wabona nje iNdoda ejwayelekile ihlezi ngale incike odongeni, neNdoda yayiyiJuda, futhi Yathi kuye, “Sifazane, Ngiphuzise.”

Yathi, “Akusilo isiko kini maJuda ukucela amaSamariya okunjalo, asidlelani.”

Wathi, “Ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye...”

⁵⁹ O, uma lelibandla kulobubusuku, ukuba kuphela bewazi ukuthi uKristu wangempela, uMoya oNgcwele, usemhlabeni namhlanje ngokufanayo nje njengoba Wawunjalo kunoma yiluphi usuku olwedlule ukuthi Usenguye! Uma kuphela ubungaWuvumela ungene kuwe!

⁶⁰ “Ukuba bewazi ukuthi bekunguBani okhulume nawe, ubuyocela kiMi amanzi.” Nengxoxo yaqhubeka, owesifazane omncane emsulwa nje ukwazi ukuthi Wayengubani. Emva

kwesikhashana ngenkathi iNkosi yethu ixhumana nomoya wakhe, Yathi kuyo, “Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha.”

Wathi, “Anginandoda.”

Yathi, “Kunjalo. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho.”

Bukani ukuthi kwenzekani: Ngokushesha waphenduka, wayesethi, “Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Siyazi lapho uMesiya efika Uzositshela lezizinto. Kodwa UnguBani na?”

Yathi, “NginguYe okhuluma nawe.”

⁶¹ Kwakungemva kwalesosehlakalo lapho wayengakwazi khona ukugijima ezitaladini, ethi, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshela konke engikwenzile. Akuyena yini Lona impela uMesiya na?” emva kokuba esebe nesehlakalo.

⁶² Kwakukhona owesifazane omncane owayekholwa enhliziyweni yakhe ukuthi Lowo kwakunguMesiya. Futhi wathi nyelele wadabula esixukwini ngolunye usuku enomopho, futhi wathinta ingubo yaKhe, ngokuba wathi phakathi kwenhliziyo yakhe, “Uma nje ngingathinta ingubo yaKhe ngizosinda. Thinta ingubo yaKhe nje!”

Qaphelani, futhi wathinta ingubo yaKhe wayesehamba, neNkosi yethu yathi, “Ubani oNgithintile na?”

Futhi bonke baYikhuza futhi bathi, noma, uPetru wakwenza, futhi wathi, “Isixuku sonke siyaKuthinta.”

⁶³ UJesu waqalaza waze Wathola lapho ayemi khona, futhi Wathi kuye ayenakho, umopho, wase usukile kuye, ngokuba ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Kwakusemva kwalokho, wayenalesosehlakalo, ukuthi wayazi ukuthi ukuthinta ingubo yaKhe kwakuzomphilisa. Niyazi iBhayibheli eliNgeweke lathi abaningi bathinta izingubo zaKhe kusukela ngaleyonkathi kuqhubeka. Bangena endaweni, babezama ukuthola ukuthi babengakwenza kanjani, bathinte ingubo yaKhe.

⁶⁴ Kwakungemva kokuba uJesu eseqalekise umuthi, nabafundi sebewabonile amandla aKhe, ngenkathi Ephenduka wayesethi kubo, “Hhayi uma Ngikusho, kodwa, ngiqinisele, Ngithi kini, uma *nithi* kulentaba, ‘Nqukuleka uphonswe olwandle,’ futhi ungangabazi enhliziyweni yakho kodwa ukholwe ukuthi okushilo kuyokwenzeka, ungaba nakho okushilo.” Niyabona ukuthi kuyini na? Kholwa enhliziyweni yakho ukuthi lokho kuzokwenzeka, okushilo, futhi ungaba nakho okushoyo.

⁶⁵ Into emangazayo namhlanje ngukuziphatha, ukuziphatha kokomoya kwebandla lamaKristu. Singaba kanjani nokukholwa na? Singamethemba kanjani uNkulunkulu lapho omunye efuna ukuba ngaphezu komunye, lapho omunye efuna ukuba ngumbusi phezu komunye, lapho omunye efuna ukuba mkhulu kancane kunomunye, abe nomkhankaso omkhulu ngokwedlulele

kunomunye, sibe nento ethize...? “Kanjani...?” UJesu wathi, “Ungaba kanjani nokukholwa lapho ufuna udumo komunye nomunye na?” Ungaba kanjani nokukholwa lapho uzama ngamandla akho onke ukudonsa yonke intambo ukuba ube yigosa lesifundazwe, noma umbhishobhi, noma uhlobo oluthile lombonisi na?

⁶⁶ O, ukuziphatha kwebandla kubi kabi! Futhi lizama ukudedisa abantu entweni yangempela kaNkulunkulu. Singakwenza kanjani, mfowethu na? Kusemva kokuba sibe nesehlakalo noNkulunkulu, khona-ke siba ngabaziphathayo njengamaKristu, njengabazalwane, njengamadoda nabesifazane abamaziyo uNkulunkulu.

⁶⁷ Esikhathini esithize esedlule le ezweni elingaseningizimu, babevame ukuthenga izigqila futhi babethengisa lababantu nge... babenazo nje njengendawo yezimoto esezike zasetsheziwa. Kwakusezinsukwini zobugqila, futhi babethatha lezozigqila futhi bazithengise. Na—nabathenga bathengisele abanye babefika, futhi babethenga izigqila *eziningi kangaka*, bese beziyisa *ngapha* futhi benze imadlana ngabo, no—nokunye nokunye. Futhi yileyo ndlela ababeziphilisa ngayo, ngokuthengisa izigqila.

⁶⁸ Futhi kwakukhona othenga athengisele abanye owafika ngasepulazini elithize ngoluny’usuku, futhi wathi kulendoda, yayinesigejane esikhulu sezigqila, ngakho wathi, “Ngingathanda ukubheka izigqila zakho.”

Yathi, “Kuhle kakhulu, ungakwenza.”

Futhi wabhekisisa zonke izigqila ukubona... Wathi, “Ngizothatha *lesi, lesa, lesi* ngenani elingaka.”

⁶⁹ Futhi izigqila, kusobala, zazikude nezwe lakubo lendabuko, zazingasophinde zibuyele emuva futhi, zazilethwe ngamaBhunu futhi zazikade zithengiselwe abantu baseningizimu zibe yizigqila. Zazikude nobaba nomama, zazikude nesithandwa, zazikude nonkosikazi, zazikude nezingane zazo, zazingasophinde ziye ekhaya futhi, zazifanele zihlale ziyisigqila zize ziwele othulini lomhlaba, sezihambile. Zazidabukile, babefanele bazibhaxabule ukuzenza zisebenze. Zazingenaso isibindi, ukuvilapha nje besingakubiza kanjalo, futhi babefanele bazenze zisebenze.

⁷⁰ Kodwa baqaphela insizwa eyodwa ethize, babengadingi ukuba bayibhaxabule, yayinamahlombe ayo ahlehlile, ikhanda layo libheke phezulu, yayisemzuzwaneni ngqo, babengadingeki ukuba bayithethise, yayiyisisebenzi sangempela. Ngakho u—umthengi wezigqila, wathi, “Ngingathanda ukuthenga lesosigqila.”

Yathi, “Asithengisi.”

Wathi, “Awu, ngiyaqaphela ukuthi sehluke kakhulu kuzo zonke ezinye, isimilo saso nokuziphatha kwaso kubonakala kwehluke kakhulu.” Wathi, “Yini eyenza umehluko kuso na? Ngabe singubasi phezu kwazo zonke ezinye na?”

Yathi, “Qhabo, siyisigqila nje.”

“Awu,” wathi, “mhlawumbe usiphakela kangconywana kunokuba wenza zonke ezinye.”

Yathi, “Qhabo, sidla phandle ekamelweni lokuphakela emkhunjini nazo zonke ezinye izigqila.”

“Awu,” wathi, “khona-ke ngitshele ukuthi yini esenza sehluke kakhulu kangaka kunazo zonke ezinye izigqila.”

Yathi, “Ngi...?...” Yathi, “Ngamangala isikhathi eside, kodwa ekugcineni ngathola.” Yathi, “Uyazi ukuthi yini esenza sehluke na? Ngathola ukuthi phesheya kwezilwandle uyise uyinkosi yesizwe. Futhi nakuba singowezizwe sikude nabantu bakubo, nokho, siyazi ukuthi siyindodana yenkosi, futhi siziphathisa okwendodana yenkosi.”

⁷¹ Futhi, mfowethu, uma siphila esikhathini sokuphela, lapho ukungakholelwa kuNkulunkulu, nokugcina umthetho ngamehlo, nazo zonke izinhlobo zezinto esezweni, futhi sisebugqilini bezwe nobumnyama, iBandla lamaKristu lifanele liziphathe njengowangempela, owoqobo, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu azelwe ngokusha, sifanele sibe nalesosimilo sesimo ngathi, ngokuba uBaba wethu uyiNkosi yeNkazimulo, futhi siyizikhonzi zaKhe nakuba sisezweni elinesono. UyiNkosi yeNkazimulo.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

⁷² Nkosi ebusisiweyo, o, sibona amathunzi ewa, ihora lisondela ngokushesha. Ngaleya eRashiya kulobubusuku yisigejane semicibisholo elengayo, isiphuzo esisodwa nje sikagologo futhi siyongena ekubeni yimpuqumpuqu, futhi kusezandleni zabantu abanesono.

⁷³ Futhi Wathi eBhayibhelini, “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa noLoti, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu. Babledla, beganwa, bakha, bephuza, bendiswa, bakha izindlu, beganwa abafazi,” futhi lona impela usuku olunjengalolu. Futhi sibona amathunzi elenga ngaleya, bekungenzeka ngaphambi kokusa, ukuthinta okukodwa nje kwengciphopho futhi asisayikubabikho, futhi bekungeke, noma ngayiphi indlela kukhiphe imiBhalo ohlelweni.

⁷⁴ Bese kuthi-ke uma lokho sekusondele kakhulu, nokho, siyazi ukuthi ngaphambi kokuba imvula ize ine, uNowa wangena emkhunjini, futhi ngaphambi kokuba uMlilo uze wehlele eSodoma, uLoti waphuma. Futhi uma isikhathi sokuphela sesisondele kakhulu ekubhujisweni, kusondele kangakanani ukufika kweNdodana kaNkulunkulu kweBandla laYo na?

Sifanele siziphathe kanjani, Nkosi na? Njengamavila, afundile, abayisifundiswa, noma sifanele sibe ngabesilisa nabesifazane bokukholwa nezingxenywe ezingahlukaniseki zikaBaba wethu na?

⁷⁵ O Nkulunkulu oPhakade, Wena wathi emiBhalweni yaKho ukuthi lapho iNdodana yomuntu iyozebula Yona uqobo eZulwini ngezinsuku zokugcina... Ngikholwa ngeqiniso ukuthi manje Uzembula Wena uqobo usuka eZulwini uya eBandleni ngesihawu nokuthula. Futhi ngesikhathi esilandelayo Uzembula Wena uqobo kuzoba sekwahlulelweni phezu kwalabo abakwenqabile. Nkulunkulu, kwangathi thina kulobubusuku singathatha ukuma kwethu, isikhundla sethu kuKristu, lapho njengamadoda nabesifazane bakaNkulunkulu, amadodana namadodakazi omDali, Owakhuluma nje nezwe labakhona.

⁷⁶ Nkulunkulu, sizibiza ngamaKristu futhi asikwazi ngisho ukukholwa ngokuphulukiswa okuncane, Othembise ukusinika khona. Nkulunkulu, sithethelele ngobuthutha bethu. Kwangathi singavuka kulobubusuku njengamadoda nabesifazane bangempela, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu, futhi siphumele emhlabeni siziphathe ngendlela efanayo.

⁷⁷ Sisakhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, angazi nje noma ukhona yini phakathi lapha kulobubusuku ongaphakamisa izandla zakho kuNkulunkulu, futhi usho lokhu: “Nkulunkulu, bengingayiphathi impilo yami njengendodana noma indodakazi kaNkulunkulu. O, bengiyidlabha kakhulu, futhi ngivilapha kakhulu ngezinto, futhi ngi—ngifuna ungithethelele ngakho, ngizophakamisela isandla sami kuWe kulobubusuku, futhi ngithi Nkulunkulu, ‘Uma Uzongithethelela, bese kuthi-ke kusukela kulobubusuku kuqhubeke, ngizo, ngomusa waKho, ngizoziphatha njengekholwa langempela.’”

⁷⁸ UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Kuso sonke isakhiwo. Ngabe sikhona isoni phakathi lapha (Manje, namakhanda enu ekhotheme, nonke.), ungasiphakamisa isandla sakho kuNkulunkulu, uthi “Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, angifuni ukufa kulesisimo”?

⁷⁹ UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. Yebo, kunjalo, wena, wena, nawe, wena. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Kunjalo. Emuva lapho, wena, wena, wena. O, he, yonke indawo, izoni. O, kunjalo. Asinandawo yokuba, ukunikhuphulela ngase-altare, kodwa uNkulunkulu uzonizwa khona lapho enikhona.

⁸⁰ Kwenzekeni na? UJesu wathi, “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonisi kuqala.” Khona-ke uNkulunkulu uBaba ulapha edonsela izoni kuYe, engqongqotha emnyango. “Wonke oza kiMi, Ngiyobapha ukuPhila okuPhakade, futhi ngizomvusa ngomuhla wokuphela.”

⁸¹ Omunye phakamisa isandla sakho, bese uthi, “Nkulunkulu, yiba nomusa kimi khona manje. Manje ngizokholwa eNkosini uJesu, futhi kusukela kulobubusuku kuqhubeke, ngizoziphatha njengendodana yangempela noma indodakazi kaNkulunkulu.” Omunye ongakaziphakamisi izandla zabo okwamanje na? Phandle emhumeni ngasemnyango, ngiyakubona phandle le phakathi lapho. Yebo, mnumzane. O, uNkulunkulu akubusise, mfowethu. Emuva ngalendlela, macala onke, kunjalo, uNkulunkulu abe nomusa kuwe. Kunjalo, laphaya, mnumzane, uNkulunkulu uyakubona.

⁸² Mhlawumbe elinye ilunga lebandla elisivivi manje, elingakaze ngempela, niyazi...U—uzamile ukwemukela ukuphulukiswa kwakho, mhlawumbe, futhi namhlanje uthi, “Yebo, ngikutholile,” kusasa, “Ngilahlekelwe yikho.” Awulahlekelwa yilutho, ungeke usalahlekelwa njengoba uKristu engalahlekelwa. Uma ukukholwa ngempela, kuhlala lapho, akukho okungakususa enhliziyweni yakho.

⁸³ Wena uthi, “Angiziphathanga, Mfowethu Branham. Ngilalele amahlaya amadadlana. Ngihlale ekhaya ngoLwesithathu ebusuku ukuba ngibuke ithelevishini, esikhundleni sokuya esontweni. Kade nginephutha, kodwa ngiyakholwa khona manje, futhi kusukela kulobubusuku kuqhubeke ngizoziphatha njengekholwa langempela.”

⁸⁴ Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, “Yiba nomusa kimi, Nkulunkulu”? Ungabi namahloni, uma unamahloni ngoNkulunkulu manje, uNkulunkulu uzoba namahloni ngawe. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Kuso sonke isakhiwo, kuyamangalisa.

⁸⁵ Manje asikhothamise amakhanda ethu senzele umkhuleko, ngamunye manje ngendlela engeyakho uqobo.

⁸⁶ Baba waseZulwini, ngethemba kuphela ekufanelekeni kwaKho, O Nkulunkulu, ngikhulekela sonke isoni esiphakamise isandla saso esesilisa noma isandla saso esesifazane. Futhi kwangathi wona lomzuzwana bangaqonda ukuthi bekungumoya kaNkulunkulu Obabangele ukuba baphakamise isandla sabo. Bebengeke baphakamise isandla sabo, kukhona uhlobo oluthile lomoya obenza baphakamise isandla sabo. Njengoba sishilo ngaphambili, amandla adonsela phansi abamba izandla zethu phansi, khona-ke sishaya indiva umthetho wamandla adonsela phansi ngokuphakamisa isandla sethu, ngoba kukhona umoya phakathi kwethu ositshela ukuthi sinephutha, futhi siphakamisela izandla zethu ngakuMdali wethu, futhi sicela isihawu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

⁸⁷ Nginolunye usuku nje futhi ukuba ngibe nani bantu lapha, kodwa ngifuna ukusho lokhu (ngiyaxolisa ukuthi ngishe izwi.): Kodwa leli ngelinye leqembu elihle kunawo onke lokukholwa komKristu engake ngahlangana nalo kule-United

States. Yiqiniso. UNkulunkulu anibusise, bazalwane bami, ofundise lababantu kanjalo. UNkulunkulu abe nomusa kuwe, futhi aphe ukuthi uzokhula emseni kaNkulunkulu.

⁸⁸ Uyazi ukuthi ufanele ubonge kanjani. Kwathi nje uMoya oNgcwele ungaqala ukuhamba esimweni esingaphezu kwemvelo, ngamunye wenu wakukholwa. Makani amazwi ami: Emavikini emva kokuba sengihambile lapha nizothola ukuthi abantu owayesezihlalweni bazobe behamba, abantu abebegula bazoza kumelusi wabo futhi bathi, “Lokho kuvele kwangishiya.”

⁸⁹ Angikwazanga... Ngibatshelile abasebenzi engisebenza nabo, “Ubusuku ngabunye angikaze ngikwazi ukubamba abantu, abaningi kangaka, bekungukuqhuma okukodwa nje okukhulu kokukholwa.” Angikaze ngikubone okunjalo eMelika. Kungifaka emqondweni wokuba ngaphesheya kwezilwandle ndawondawo. O, awazi ukuthi yini ifa onalo. Vikela lokhu, kuvikele, ungalokothi uvumele noma yibuphi ubuhlanya kumbe noma yiliphi iqembu kulokhu, Nkulunkulu, siphe khona. Zigcine uyintombi, ungenabala ezintweni zezwe. Hlala ngqo phambi kukaNkulunkulu, Mthande ngayo yonke inhliziyi yakho.

⁹⁰ Manje, kulobubusuku sinikezile ukuthi sizoba nalokho esikubiza ngo “mugqa wokukholwa,” futhi lokho ngukukhulekela labo abanamakhadi abo omkhuleko ngokubadlulisa emgqeni, sibeka izandla phezu kwabo, ngaphandle kombono. Manje, siyaqonda ukuthi—ukuthi kusasa manje sibuyela ngqo komunye umugqa.

⁹¹ Manje, kuyaxaka impela, inkonzo yami eMelika ayinakho ukunambitha kukho kubantu, njengoba yenza kwamanye amazwe. Abantu baseMelika, manje, angikhulumi ngaleliqembu, kodwa abantu baseMelika bayizihlakaniphi. Niyabo, yingalesosizathu. . .

⁹² Ngezwa lomshumayeli odumile, uBilly Graham, engikholwa ukuthi uyindoda kaNkulunkulu, futhi ngamuzwa ethi ekudleni kwakhe kwasekuseni eLouisville laphaya ngokunye ukusa, wathi, “Lona ngumgomo: Ngenkathi uPawulu engena futhi waba nophendukile, wabuyela emuva ngemva konyaka futhi waba namashumi amathathu kulowo oyedwa.” Wathi, “Ngingangena futhi mhlawumbe,” ngingahle ngingazitholi izinombolo kahle nje, kodwa uthi, “ngibe nabaphendukile abayizinkulungwane ezingamashumi amabili bese ngibuyela emuva ezinyangeni ezimbili futhi ngingawatholi amashumi amabili.”

⁹³ Niyabo? O, bengifuna kanjani ukusho okuthize, kodwa bengingumfo omncane nje ehlezi emuva lapho. Nakhu okuyikho: Niyabo, ngumqondo wokuhlakanipha kaKristu. Izihlakaniphi zilungile, kodwa mfowethu, awusoze wamazwi uKristu kuze kuba

uMoya kaNkulunkulu wehlele ngaleya kwezihlakaniphi futhi kuyisehlakalo sokuzalwa ngokusha. Yingalesosizathu abantu bengenakukholelwa kokungaphezu kwemvelo, futhi—futhi bakubize ngodeveli, yingoba kungumqondo wokuhlakanipha kuphela. “Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi, umfokazi azisoze zamlandela.” Lelo yiqiniso.

⁹⁴ Kungesikho ukuzama ukusho ukuthi abaphendukile bakaBilly Graham akulungile, ngi—ngiyamhlonipha umfowethu futhi ngimkhulekele nsuku zonke, uNkulunkulu uyamsebenzisa. Kodwa benazi yini ukuthi imimoya, uNkulunkulu uthatha umuntu waKhe, kodwa neze umoya waKhe na? Niyazi ukuthi udeveli uthatha umuntu wakhe, kodwa neze umoya wakhe na? Umoya owawuphezu kuka-Eliya, ufika phezu kuka-Elisha, naphezu kuka-Elisha, ufika phezu kukaJohane umBhaphathizi. UMoya oNgewele wawukuKristu, wehla ngeBandla, impela nje.

⁹⁵ Umoya owawukulabo baFarisi ngalolosuku, izihlakaniphi, wayekwazi konke ukuqeqeshwa, njengoSawulu, kodwa ngenkathi bebone uJesu etshela abantu ukuthi babekade bekuphi, ababekwenzile, nokuthi babengobani, bathi Wayengumbhuli, uBelzabule. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso na? Impela. Bakukholwa, ukukholwa kwabo kobuhlakani. UJesu wathi, “Ningabakayihlo udeveli.”

⁹⁶ Manje, kodwa elangempela, iJuda elikhethiwe, bathi, ngenkathi kwenziwa isimangaliso, njengoNathanayeli, wathi, “Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli.”

⁹⁷ Owesifazane omncane emthonjeni, ukumela isizwe samaSamariya, wathi ini? “Wena unguMesiya. Wozani nibone loMuntu, Lona nguMesiya.”

⁹⁸ Kodwa izwe lathi, “Akasuke umuntu onjalo!” Izwe lafakazisa abakucabangayo nalokho okusenhliziyweni yabo. Bebeyokwenza into efanayo kulobubusuku uma bebengakwenza. Ngenkathi beqoka umbulali esikhundleni sikaJesu, kwakhombisa ukuthi izwe lenziwa ngani. Neqembu elaqoka umbulali esikhundleni seNkosi uJesu laliyiqembu lezenkolo, lona impela ibandla elihle kunawo onke, ibandla loMthetho lamaJuda.

⁹⁹ Umpristi omkhulu nabo bonke bathi, “Sipheni umbulali, futhi msuseni lowomfo!” Lokho kwazwakalisa inhliziyi yezwe. Kodwa bonke abantu bangeze kuKristu. Bonke abazukukholwa, kodwa kuzobakhona . . .

¹⁰⁰ UJesu wathi, “Lezizinto eNgizenzayo nani niyakuzenza; ezinkulu kunale niyakuzenza, ngoba Ngiya kuBaba waMi. Kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona, nokho, niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisele na?

¹⁰¹ Bangaki okwaziyo lokho, uJohane oNgcwele 5:19, ukuthi uJesu edabula echibini laseBethesda lapho bonke abantu babelele beyizinyonga, izishosha, izimpumputhe, izinkulungwane zabo, waya kumuntu elele ohlakeni, futhi wamphulukisa, ngokuba Wayazi ukuthi wayekade engaleyondlela, futhi wahamba futhi washiya iqembu lilele lapho na? Washo kanjani...? Wathini ngenkathi beMbuza ngakho na? Wathini na? “Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza.” Kunjalo na? Kwakungombono.

¹⁰² Manje, ngifuna ukusho okuthize kini, nina ebenilapha iviki lonke, manje qaphelani: Buyelani emuva emlandweni wenu, nina bosomlando, futhi nibheke emiBhalweni, futhi niyifune, futhi nithole uma uJesu enza lezozimangaliso ngokwazi imicabango yabo, ebatshela ukuthi babekuphi, kanjalonjalo, ngenkathi Asho qobo lwaKhe ukuthi WayenguNkulunkulu, Wayengenakuqamba amanga, wathi, “Angenzi lutho aze uBaba aNgibonise kuqala ukuthi ngenzeni.”

¹⁰³ Futhi ngenkathi Ememezela lesosibonakaliso phambi kwamaJuda eqiniso, elangempela, iJuda leqiniso lathi leso kwakuyisibonakaliso seNdodana kaNkulunkulu, iNkosi ka-Israyeli. Ngabe kunjalo, befundisi na? Ngenkathi Ekwenza kumaSamariya, bamemezela ukuthi kwakuyisibonakaliso sikaMesiya. Ngabe kunjalo na? Kodwa khumbulani, Wathi, “Ningayi kunoma yimuphi oweZizwe.” Futhi akakaze nakanye Akwenze phambi koweZizwe. Ngani na? Lokhu ukuphela konyaka wabeZizwe. Lokho kwakungukuphela kwamaJuda, lokhu ngukuphela kwabeZizwe. Akukho ndawo emlandweni kusukela lapho, kodwa manje yihora, futhi, Melika, wemukela ubizo lwakho. Kumake eZwini lakho, eNcwadini yakho, futhi uthole. Akusekho okusasalele iMelika ngaphandle kokwahlulelwa, bona basuka osukwini lomusa. Kunjalo impela. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, kumake phansi lokho. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹⁰⁴ . . .nceku, ngizinikela kuWe ngakho konke enginakho. Futhi ngicela ukuthi zonke lezizethameli, Nkosi, ngikholwa ukuthi ngiyazikhulumela, sonke siyazinikela. Sebenza ngathi manje, Nkosi, kube yinjabulo yaKho enhle. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Nalababantu abamile, Nkosi, bazozwa ukuthi umvuzo wabo wangempela muhle. Amen.

¹⁰⁵ Ngifuna izethameli zithule nje ngakho konke eningakwenza. Hlalani phansi nje, hloniphani ngokuzithoba. Ngalamakhadi omkhuleko ambalwa nje, ngingabadlulisa emva kwesikhashana, cishe amakhadi omkhuleko angamashumi amahlanu; besingawathatha ngisho kusasa ebusuku, uma kudingekile. Ngikubalule lokhu ukuthi kukhona okungaphezu kwalokho ebengikucabanga, noma mhlawumbe abanye babo abakwazanga ukungena.

¹⁰⁶ Manje, ukuba iNkosi uJesu ibimi lapha igqoke lesudu engiyigqokile, Anginika yona, futhi ukuba Ubemi lapha, uKristu iNdodana kaNkulunkulu ophilayo, okungukuthi UseNkazimulweni, siyazi, kodwa ukuba Ubemi lapha, futhi ubugula, Ubengakuphulukisa na? Qaphela. Qhabo, mnumzane, ngokuba Usevele ukwenzile. Bangaki okwaziyo lokho na? “Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu.”

¹⁰⁷ Nani bantu nasindiswa nje, ngiyothi, “Wasindiswa nini na?” Ubuyothi, “Emizuzwini emihlanu edlule.”

¹⁰⁸ O, qhabo, mfowethu othandekayo, dadewethu, wasindiswa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, usanda kwemukela insindiso yakho nje. Niyabo, lokho ukukholwa kwakho, uyakukholwa, yileiyondlela okungayo manje.

¹⁰⁹ Manje, ngingathanda ukusho okuthize kulabobantu lapha onamakhadi omkhuleko, sizonithola mhlawumbe kusasa, noma kamuvanyana, ngifuna abantu nje abangenawo amakhadi omkhuleko. Uma iNkosi uJesu izofika futhi isebenze ngathi, futhi uzokwenza izinto ezifanayo Azenza ngenkathi Ehamba eGalile, bangaki abantu phakathi lapha ozobamba isandla sakho, bese uthi, “Uma Ubeyokwenza lokho, ngizo. . .” Manje bukani, awu. . .awuzukuba semsamo, kodwa noma yikuphi ezethamelini. Futhi yiba ngumahluleli.

¹¹⁰ Wonke umuntu ophakathi lapha uyisihambi ngokuphelele kimi ngaphandle kwalomfundisi nesisebenzi engikanye naso khona lapha. Ngicabanga ukuthi akukho mfundisi, qiniso, ngingahle ukuba ngihlangane ndawondawo kodwa angimazi ohlezi lapho. Nangu uMfundisi ohloniphekile uHall emuva lapha, ngiyamazi. Kodwa bangaki phakathi lapha owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe na? Phakamisa isandla sakho, yonke indawo, nomaphi. Kulungile. Manje, uma ugula, noma uma unesidingo sanoma yini evela eNkosini uJesu, futhi uma—uma uzobheka kuYe futhi ukhuleke. . .

¹¹¹ Manje, ake sibone ukuthi umBhalo uthini eNcwadini yamaHeberu, Wathi, “UJesu, manje, ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.” Bangaki owaziyo ukuthi iBhayibheli liyakusho lokho na? Unguye manje. Ngabe uNkulunkulu uwagcina onke amaZwi aKhe na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uyakwenza. Khona-ke uma uMthintile, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade, ubuyokwazi kanjani ukuthi uMthintile na? Ubeyofanele enze ngendlela efanayo Enza ngayo izolo ukuba abe ngofanayo namhlanje. Ngabe kunjalo na?

¹¹² Wenzani na? Wabuka ezethamelini waze wathola lowo wesifazane owayenomopho, futhi wakuphika ngoba wayesaba, kodwa uJesu wayemazi futhi wamtshela ukuthi umopho wakhe wase unqamukile futhi wayesindile, ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Lelo yiqiniso.

¹¹³ Manje, uma Esaphila nanamhlanje, UnguNkulunkulu ofanayo owama lapho ngenkathi beletha umuntu kuYe, futhi Wayazi ukuthi wayeyindoda elungileyo, futhi waMtshelela ukuthi wayekuphi ngaphambi kokuba eze emhlanganweni, lowo nguNkulunkulu ofanayo namhlanje. Anikukholwa lokho na? Futhi uma Ezokwenza into efanayo, bangaki kini...? Nina enisezihlalweni...

¹¹⁴ Manje, uma ngithi kulendoda ehlezi lapha, “Ukhubazekile,” noma ubani angakubona lokho. Impela. Kodwa kuthiwani ngalendoda emi lapha na? Ibukeka iqinile futhi iphilile, yini engalungile ngayo na? Bekungeke kube yisimangaliso kimi ukuba ngithi, “Leyondoda ikhubazekile,” noma “Leyondoda ikhubazekile,” bobabili balapha ezhlalweni ezinamasondo. Noma ngithi, “Mhlawumbe lona wesifazane uyisishosha, ukhubazekile, kumbe noma ngabe kuyini,” ungambona elele lapho. Impela. Lokho bekungeke kube yisimangaliso. Kodwa kuthiwani ngowesifazane ohlezi eduze kwakhe lapha obukeka ekahle futhi ephilile na? Naso isimangaliso.

¹¹⁵ Manje lokhu, uma ngithe, “Nizosinda, nonke,” awu, ubuyofanele nje uthathe izwi lami ngalokho. Kodwa manje, uma-ke Ebuyela emuva futhi akutshela izinto ezisempilweni yakho, njengoba Enza kowesifazane emthonjeni, lapho inkathazo yakhe yayikhona na? Khona-ke uzokwazi ukuthi lokho kuqinisile noma qha. Ngabe kunjalo na? O, ngiyazi Ungowangempela futhi uqinisile.

¹¹⁶ Ngike ngama neKoran esandleni esisodwa, lelo yibhayibheli likaMohamede, elisedlula kathathu, neBhayibheli kwesinye isandla phambi kwabantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amahlanu, futhi ngithi, “Omunye wabo uqinisile, nomunye nophutha. Makuthi uNkulunkulu onguNkulunkulu akhulume.” Kodwa ungacabangi ukuthi ngeke bakuphosele inselelo. Kodwa angikaze ngisibone isikhathi, izinyanga-bathakathi nayo yonke into, kodwa lokho uNkulunkulu wethu abhekana nakho futhi kwakungukunqoba...?...

¹¹⁷ Maduze nje eBombay, eNdiya, uma une...Sesicishe sibe nguhhafu wehora ngaphambi kwesikhathi, ngifuna nje ukusho lokhu, ngoba ngifuna ukuhlala phansi nalababantu.

¹¹⁸ EBombay, eNdiya, ngangisanda kungena nje, bangehlisela ethempelini lamaJain. Futhi, o, babengeke babulale ngisho ne—nezeze noma impukane, bakholelwa ekuzalweni kabusha. Futhi ubungashumayela kanjani kubo umhlathshelo weGazi na? Bahlekisa ngobuKristu. Ngangiyoba yimbuka kuKristu ukuba ngangingakhulumanga ingxenye yami, ngathi, “Ubungawemukela kanjani umhlathshelo weGazi ube ungeke wemukele ukubulala izeze noma imbuzane na?” Izinyoka nezinkawu yonke indawo, ngeke babulale lutho. Ngathi,

“Kodwa ikhambi yiGazi, ngokuba ukuPhila kuseGazini.” O, bebengeke bakukholwe lokho.

¹¹⁹ Ngalobobusuku ngenkathi simi lapho lapho o... Ayikho indlela yokulinganisa isibalo sabantu. Ngokubona kwakho nje kwakungesinye esikhulukazi, isiyingi esimnyama sabantu. Izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zanzwabelana komunye nomunye, zitakiwe nje njengokhuni lokubasa. Yayingekho indlela yokukhipha amakhadi omkhuleko, sadingeka nje sime.

¹²⁰ Futhi imizuzwana embalwa umbutho wezempi wadingeka ulethe ababili noma abathathu, abanye abanochoke, uMoya oNgewele uqala ukukhuluma kubo futhi ubatshele. Khona lapho nje omunye umuntu, wawukuzwa kuvela kulawomadoda angaqondakaliyo, “Awu, lokho bekungaba ngukufunda umcabango.”

¹²¹ Olandelayo ofikayo kwakuyimpumputhe, angikwazanga ukwenza lutho, kusobala, uze ukubone kwenziwa, impela, nalendoda eyimpumputhe, Yathi, “Igama lakho u...” Nga—ngadingeka nje ngilipele. Lokho kwakuqinisele. Futhi wathi, “Uyisinxibi, nomkakho ungomncane, owesifazane ozacile, unabantwana ababili, bobabili bangabafana.” Kunjalo. Impela.

¹²² NamaHindu ayimfihlakalo ayehlezi, ebhekisisa. Ngacabanga, “O Nkulunkulu, Ubungenza noma yini na?”

¹²³ Ngangilokhu ngikhuluma nendoda imizuzwana embalwa, emva kwesikhashana ngabona umbono phezu kwayo, yayikade iyimpumputhe iminyaka engamashumi amabili, yayikhonza ilanga. Manje, yacabanga ukuthi uma ibhekisisa ilanga yaze yaphuphutheka, yayizoya eZulwini, yayingasasiboni isono, ngakho yayizoya eZulwini. Ngakho yayingumkhonzi welanga. Futhi ngathi, “Wakwenza lokhu ngokungazi.” Ngase ngithi, “Uthini ngakho na?”

Yathi, “UNkulunkulu ozonginika ukubona kwami, Makabe nguNkulunkulu.”

¹²⁴ Ngathi, “Manje, nina bakaMohamede, nani maJain, namaSikh, nabakaBuda engibe nengxoxiswano nabo kulentambama, nansi indoda imi lapha eyimpumputhe ngokuphelele. Uthe ubuKristu babuyisigejane sabantu ababedala amabhomu ehayidrojini ukuqhumisana ngawo.” Ngathi, “Inqwaba yalokho yiqiniso, kodwa lokho akusibo ubuKristu,” ngathi, “lokho *kubizwa ngokuthi* ubuKristu, ubuKristu bangempela yibo kuphela uNkulunkulu weqiniso nophilayo okhona.” Ngase ngithi, “Lendoda yathi iyo—iyokhonza uNkulunkulu oyobuyisela ukubona kwayo. Yakhonza okudaliweyo esikhundleni soMdali.”

¹²⁵ Ngathi, “Beniyokwenzani nina bakaMohamede kuyo na? Beniyomphendulela kwenye inkolo, nimenze okaMohamede; nina bakaBuda beniyoyenza uBuda; amaSikh abeyoyenza i...”

Ngathi, “Akulutho kodwa isayense ephathelene nengqondo.” Kunjalo. Ngathi, “EMelika senza into efanayo, onke amaBaptisti afuna ukuphendula onke amaMethodisti abe ngamaBaptisti; iPentecostal ifuna ukubenza bonke babe yiPentecost. Kuyini na? Uguquko lokucabanga, isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo.”

¹²⁶ Kodwa ngathi, “Impela, uNkulunkulu owayenza angayiphulukisa. Manje, uma noma yimuphi wenu bakaBuda ungeza ngaphambili, noma abakaMohamede, futhi uphulukise indoda emi lapha, ngizokhonza unkulunkulu wenu.” Ngangiyokusho lokho na? Lutho nhlobo, ngaphandle kokuthi kuqala ngibone umbono, lutho nhlobo. Kodwa ngathi, “Ungeke wakwenza, nami ngeke, kodwa uNkulunkulu waseZulwini ungikhombise umbono ukuthi indoda izokwemukela ukubona kwayo.” Ngathi, “Uma kungenzeki, ngingumprofethi wamanga, ninelungelo lokungikhahlela ningikhiphe eNdiya; uma Ekwenza, nibophezelekile kuKristu ovukileyo ukuba niMkholwe.”

¹²⁷ Manje, kwakuyisigejane esithule kakhulu. Kodwa ngenkathi sikhulekela indoda, lokhu kuserekhodini, ngayigona ngezingalo zami futhi ngayikhulekela futhi ngacela uNkulunkulu ukuba ayinike ukubona kwayo, ngenkathi isagone esifubeni sami. Ngenkathi ngiyidedela, uNkulunkulu uSomandla, uMahluleli wami, phambi kwamashumi ezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane, lawomehlo empumputhe lavuleka, yayisidumela imeya yedolobha yayigona. Leyondawo yamemeza yonke indawo, namashumi ezinkulungwane zabakaMohamede eza eNkosini uJesu ngesikhathi esisodwa. Kwakuyini indaba na?

¹²⁸ Ngenkathi ngiwelela lapho, umbhishobhi weMethodisti wangibhalela, wathi, “Uza ngaphansi kwehlelo elingalungile, ngeke sazihlanganisa ngalutho nalo.” Kwenzekani na? Babuyele emuva ngqo baphumela kubuMohamede, inqwaba yabo, ngoba amaKristu eziphatha njengesigejane sezincelebane noma izinganyana, babengeke bahlale lapho ukuba bemukele labobantu futhi babathathe futhi babafundise izindlela zeNkosi. Bayoba necala lalokho ngoSuku lokwaHlulela. Banecala, kodwa umusa kaNkulunkulu uyafana nje.

¹²⁹ Benazi yini ukuthi uMoya oNgcwele uyiNhloko yabantu na? Kwehle njalo ngeminyaka. Nina bantu abangamaKatolika enibiza uPatrick oNgcwele ngongcwele wenu, wayethi akabe yiKatolika njengoba nginjalo, kodwa namthatha, animkholwanga kuqala, kodwa emva kokuba esefile, khona-ke nifuna ukumenza ongcwele.

¹³⁰ Kuthiwani ngoFrancis oNgcwele wase-Assisi na? Izwe lalingazi ukuthi wayengongcwele. Wayengumshumayeli ohambayo neBhayibheli ekhwapheni lakhe owathi ezinyonini, “Thulani, bodadewethu abancane, ngisashumayela iVangeli.”

Animkholwanga ngaleyonkathi, kodwa emva kokuba esefile khona-ke namenza ongwele.

¹³¹ Lapha, kubantwana benu besikole, bangaki omkhumbulayo uJoan ka-Arc na? Wayengowesifazane kamoya, wabona imibono, futhi wayengowesifazane kamoya. Nenzani kuye, ibandla eliKatolika na? Lamshisela esigxotsheni njengomthakathikazi, uBelzabule. Izwe belihlala njalo likwenza lokho. Kodwa emva kokuba esefile cishe iminyaka eyikhulu, nathola ukuthi wayengongwele, ngakho namba leyomizimba yabapristi nase niyiphosa emfuleni ukwenza ukuphenduka. UNkulunkulu uyazibusa, Uyakuthumela, noma kanjani, khona-ke emva kokuba sekuphelile wena uthi, “Awu, angikuqondanga lokho.”

¹³² Nkulunkulu, yiba nomusa nje kulobubusuku.

¹³³ Asikholwe ngazo zonke izinhliziyi zethu, wonke umuntu. Manje nginicela ukuba nihloniphe ngokuzithoba futhi nikhuleke. Manje sisesikhathini ncamashi manje.

¹³⁴ Angazi, uma ngibiza omunye, anginalwazi, bekuzofanele kudlule...Bangaki abasibonile isithombe saKho na? Ake sibone izandla zenu ukuthi...Lapha iNgelosi yeNkosi. Yebo, mnumzane. Kuyo yonke iJalimane, nandawo zonke, kwathwetshulwa isithombe, okuwukuphela kwesiDalwa esingaphezu kwemvelo.

¹³⁵ Manje, bangaki abantu abagulayo ophakathi lapha ofuna umkhuleko na? Phakamisani izandla zenu manje, wonke umuntu ofuna umkhuleko. Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela. Bukani, uma uNkulunkulu ezofika futhi enze izinto ezifanayo Azenza ngaphambi kokuba Abethelwe, uzo...? Wathi uyoMkholwa. Manje asikhuleke umzuzwana nje.

¹³⁶ Manje, Nkosi, siza njengamanje. Konke okunye kungokwaKho, Baba, sinikela zonke izinto ezandleni zaKho. EGameni likaJesu. Amen.

¹³⁷ Manje bukani ngapha. Manje, ngiqonde ukuthini ngalokho na? UPetru noJohane bathi, “Sibheke.” Ngenkathi bephakamisa inyoka yethusi, babheka futhi baphila. Manje, ningangibuki, bukani ngapha nje, kodwa bukani kuYe OngumPristi oMkhulu, nibone ukuthi Uyositsheleli, nibone ukuthi Ubezothini. Ngamunye khulekani. Futhi uma uNkulunkulu ezokwenza lokho...Manje, uma ngi...Noma yikuphi lapho lokho kuKhanya kuholela khona, lapho uMoya oNgwele...

¹³⁸ Bangaki abaziyo ukuthi uJesu ungukuKhanya na? Ake sibone ukuthi bangaki okwaziyo lokho. Impela. Wayesemhlabeni, Wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, Ngiya kuNkulunkulu.” WayeyiNsika yoMlilo eyahola abantwana badabula ehlane. Niyakukholwa lokho na? Futhi ngenkathi Ebuyela kuNkulunkulu, uPawulu wahlangana naYe endleleni eya eDamaseku, ukuKhanya kwakhipha amehlo akhe. UPetru

wayesetlongweni, Ungena njengokuKhanya, wamholela ngaphandle. Usalokhu efana, lesa yisithombe saKhe.

¹³⁹ Manje hloniphani ngokuzithoba. Asikuthathe ngezigaba nje, ukuze nje ngingatholi konke kuxovekile. Abaningi kakhulu bedonsa khona manje, nina bantu, iningi lenu bantu oke waba phakathi ngaphambilini, unokholo ukukholwa. Asithathe lesisigaba phakathi lapha, omunye nje ngalendlela, hamba nje uyokhuleka, kholwa nje.

¹⁴⁰ Manje, niyabona lapho engimi khona na? Kuphakathi kokuthi ngilapha njengofakazi wamanga kaKristu, noma ngingufakazi weqiniso kaKristu. Futhi uma uKristu engakwesekeli engikushilo nalokho Akusho eZwini laKhe, khona-ke sobabili sinephutha. Akasuye uKristu, uma Engeke ahlale neZwi laKhe, kodwa UnguKristu. Futhi bengingehluleka, kodwa Yena angeke, Angehluleke. Amazwi ami awomuntu, kodwa ngicaphuna iZwi laKhe: “Izinto eNgizenzayo nani niyakuzenza.”

¹⁴¹ Nje, ngijikisiwe, niyabo, bengizoba ne... Ngihlala egumbini kusukela cishe ngesithathu nqo kuqhubeke, ngikhuleka futhi ngizila ukudla, futhi ngilinde eNkosini lapho ngingena kulemihlangano. Ngiyakukholwa lokhu kulobubusuku ngoba niyiqembu elikhulwa kanjalo, Yilokho kuphela. Khumbulani angiwafuni amakhadi enu omkhuleko, noma ubani onamakhadi omkhuleko. Hloniphani ngokuzithoba nje.

¹⁴² Mcabangeni nje engena phakathi kwabantu. AbaFarisi ezinhliziyweni zabo bathi, “UnguBelzabule,” abakushongo kuzwakale, kodwa Wayazi ukuthi babethini. Yibani nokukholwa nje manje, kholwani, hloniphani ngokuzithoba nje. Omama nabantwana benu abancane, noma yini enye, hloniphani ngokuzithoba nje. Ngeke nganiphulukisa, kodwa uma Ezofakazisa ukuthi Ulapa, Usevele ukwenzile, lelo yiZwi laKhe.

¹⁴³ Manje, uma izethameli, zingangizwa, bukani lapha, bukani khona lapha, lokhu kuKhanya lapha, phezu kwalelinenekazi elincane khona lapha. Unalo ikhadi lomkhuleko, nenekazi, inenekazi elincane khona lapha na? Awunalo ikhadi lomkhuleko na? Asazani na? Asazani. Angikaze ngikubone empilweni yami. UNkulunkulu uyakwazi, Uyangazi. Uma Ezongembulela ukuthi yini oyizele lapha, uzokwazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha. Futhi uma ngingakwazi futhi ngingakaze ngikubone, futhi ungakaze ungazi noma ungibone, khona-ke bekuzofanele kufike ngamandla angaphezu kwemvelo bekungeke na?

¹⁴⁴ Ngenzani manje na? Ngikhuluma kuwe ukuthola ukuthi uMoya oNgcwele ufuna ukukutshelani. Ubuhlezi lapho nje ukhuleka, “Nkosi, makube yimi.” Kunjalo. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikhulwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, inceku yaKhe na? Uhlushwa yisimo

sokwethuka. Uma lokho kunjalo sukuma ume ngezinyawo zakho. Ngabe lokhu ukuhlangana kwethu kokuqala na? Awukaze ungibone ngaphambilini, phakamisa isandla sakho nje ukuze abantu babone. Lesi yisikhathi sethu sokuqala. Uyakholwa ukuthi lokho o...ukuthi Lazi ukuthi inkathazo yakho yayiyini na? Uyakhukholwa lokho ukuthi nguNkulunkulu ofanayo owayazi ukuthi yayiyini inkathazo yowesifazane emthonjeni na? Uyakholwa.

¹⁴⁵ Ngabe izethameli zikholwa yinto efanayo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiyabonga.

¹⁴⁶ Ukuze nje wazi: Lona wesifazane osemusha unenye into ethize enhliziyweni yakhe. Akunjalo lokho, ntombi na? Uma kunjalo, vayizelisa isandla sakho ukuze abantu bezokubona. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi okusenzelisiyweni yakho, ngabe uzo...akwenze uqine kakhulu ukuba ukholwe na? Kumayelana nabanye babantu bakini, abasemzini, lowo ngumalume womnyeni wakho, unomdlavuza. Nomyeni wakho, futhi, unomunye abekade emkhulekela, nawe, futhi, nalowo ngumzala wakhe, futhi banesithuthwane. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uyakholwa, nenekazi eliselincane na? Noma yini oyicelile, hamba futhi ube nakho ngendlela nje okholwa ngayo.

¹⁴⁷ Niyakholwa zethameli na? Manje, *emva* kokuba senibonile, niyakholwa na?

¹⁴⁸ Ucabangani, mnumzane, ohlezi lapho eceleni kwakhe na? Wena. Ngabe uyisihambi kimi na? Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uma uNkulunkulu waseZulwini ezongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzokwazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha, ungeke na? Uzokholwa futhi ukwemukele ngayo yonke inhliziyi yakho na? Uma ubuyokukholwa lokho, lesosifo sikashukela besizokushiya. Yilokho obunakho. Kulungile. Hamba uye ekhaya futhi uphile, eGameni likaJesu Kristu.

Niyakholwa ngempela na?

¹⁴⁹ Kuthiwani emuva kulesisigaba na? Nonke niyakholwa na? Kulungile, hloniphani ngokuzithoba nje. Nakhu. Awukwazi...? Kusobala ungeke waKubona, hhayi ngaphandle uma uNkulunkulu eyokhetha ukukukhombisa. Niyakubona lokho kukhanya kulenga khona lapho na? Kuphezu ngqo kwalelinenekazi eligqoke lelobhantshi, elihlezi khona lapho naleyo encane, into ehhunduliwe ephaketheni lalo, eligqoke ibhantshi elibomvu. Wena.

¹⁵⁰ Nguwe lowo. Yima ngezinyawo zakho umzuzu nje. Ngabe unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Uyangazi na? Angikwazi. Uma lokho kuyiqiniso, asiphakamise izandla zethu nje, ukuze abantu bezobona. Uma iNkosi uNkulunkulu wethu, uJesu Kristu, evukile kwabafuleyo...Futhi ungwesifazane nje

ohambe wangena lapha, wahlala phansi, asikaze sihlngane empilweni. Uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade, futhi ufuna ukwazisa kulababantu ukuthi UsenguMesiya ovukileyo, Uyokwenza ngendlela efanayo Enza ngayo esizweni samaSamariya, owesifazane emthonjeni. Ubeyokwenza na?

¹⁵¹ Angizazi izinkathazo zakho, uyazi, uma ngingakwazi. Kodwa uma uJesu ezokwembula kimi ukuthi yini izinkathazo zakho, uzokukholwa na? Njengoba nje owesifazane athi, “Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engenzile.” Uyagula, nenkathazo yakho isemphineni wakho, futhi enhliziyweni yakho, naseqolo lakho. Kunjalo. Kodwa manje usuphulukisiwe, uJesu Kristu uyakusindisa.

¹⁵² Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Hloniphani ngokuzithoba nje. Nonke kholwani nje ngayo yonke inhliziyu yenu. Yibani nokukholwa, ningangabazi. Angikhola ukuthi sibe kulesisigaba nokho. Ake sibone, abanye phakathi lapha khulekani.

¹⁵³ Lapha, nanti inenekazi lihlezi khona lapha, phansi lapha, linokubhonga ekhanda lalo. Lelo yinenekazi elihlezi khona lapho. Yima ngezinyawo zakho umzuzu. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Ngabe ngiyisihambi kuwe na? Ukhathazwa ukubhonga, kuphazamisa ikhanda lakho. Manje, ukukuphulukisa bengeke, uKristu ukwenzile; kodwa ukufihla impilo yakho, ubungeke. Ake ngisho lokhu kuwe: Kukhona umuntu kulesisakhiwo khona manje oxhumene nawe okhulekayo, lowo ngumama wakho, nalowo wesifazane ubulawa ngumdlavuza. Uma ngizokutshela ukuthi lowomdlavuza ukuphi, ngabe uzosiza ukukholwa kwakho na? Ngumdlavuza wesisu. Kunjalo impela. Manje hambani niye ekhaya, nobabili niphile.

¹⁵⁴ Uyakholwa na? Yiba nokukholwa. Kholwa nje, ungangabazi, yiba nokukholwa manje. Kholwa nje yonke into, ungangabazi lutho. “Uma ukholwa!”

¹⁵⁵ Lapha, khona lapha phambi kwami. Nenekazi, uwile nje futhi walimala emhlane wakho, uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyakusindisa na? Uma uzokholwa, ungaba nakho okucelile uma u—uma ungakukholwa.

¹⁵⁶ Inenekazi elihlezi khona lapha lihlushwa yisimo sokwethuka, inenekazi elincane, elifake isigqoko esiluhlaza okwesibhakabhaka. Uma ukholwa ngayo yonke inhliziyu yakho...Kunjalo. “Uma ukholwa!”

¹⁵⁷ Kuthiwani ngenenekazi elihlezi khona lapha ekugcineni kohlu, emuva ngqo emva kwalowomnumzane ohloniphekile ephetha ingane na? Ubunokukholwa okuningi kunalokho obucabanga ukuthi ubunakho. Uyakholwa ukuthi isibhono sizophulukiswa na? Uyakholwa na? Vayizelisa isandla sakho

kuNkulunkulu uma ucabanga ukuthi sizophulukiswa. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Awulidingi.

¹⁵⁸ Uyakholwa na? Ngikholwa ukuthi sibe ngaphezu kwalokhu...

¹⁵⁹ Lapha, ngabashumayeli, bazalwane bami, anigomekile ezibusisweni zikaNkulunkulu ngoba ningabelusi bezimvu. Bangaki kini madoda owaziyo ukuthi angikwazi na? Phakamisani izandla zenu, nina bashumayeli. Kulungile. Khuthaza ukukholwa kwakho ukuba ukholwe, yiba ukhuleka nje uma kukhona okungalungile ngawe ufuna uNkulunkulu akuphulukise.

¹⁶⁰ Mnumzane, wena ohlezi khona lapha ekugcineni, wehlisa ikhanda lakho khona-ke ngoba uyazi ukuthi kukhona okwenzekile kuwe. Angikwazi. Uma siyizihambi, phakamisa isandla sakho. Unenkathazo yenhliziyi. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Awusuye owakulelizwe, ungowasePennsylvania. Igama lakho unguMnumzane, Mfundisi ohloniphekile... Ulibiza lelo ngokuthi Habegger, akunjalo na? Yana ekhaya...?... Qhubeka futhi ushumayele iVangeli.

¹⁶¹ Niyakholwa na? Nonke niyakholwa na? Manje, ngabe uJesu Kristu uyaphila na? Uma Ephila, phakamisa isandla sakho. Impela, Uyaphila. Manje, uma uzokwenza engikucela ukuba ukwenze, ungangabazi, kukholwe nje: Ngamunye manje, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, wonke umuntu esakhiweni, bekani izandla zenu nje phezu komunye nomunye. Ngizonicaphunela uMlayezo wokugcina uJesu awushoyo. UJesu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Manje, bangaki kini abazobeka izandla zenu phezu komuntu, futhi niphakamise izandla zenu, futhi nithi, “Nkulunkulu, ngiyikholwa”? Wonke umuntu. Manje kholwani, leli yihora lenu, lesi yisikhathi senu.

¹⁶² Nina bantu enisezihlalweni ezinamasondo... Manje, wena nenekazi elilele lapha ohlakeni lombhede, unedumbe, nesifo samathambo. Ngeke ngakuphulukisa, kodwa uma uzokholwa (Angeke wafihla impilo yakho.), uNkulunkulu uzokusindisa, ungasukuma futhi uye ekhaya, usinde.

¹⁶³ Manje beka izandla zakho phezu komuntu wakho futhi, ngamunye, ngaphesheya ngqo, beka izandla zakho. Manje asiziphathe njengamakholwa angempela. UMoya oNgcwele ulapha, bangane. Wena omi phandle ngasesikhaleni sezihlalo, uma unesidingo sanoma yini...

¹⁶⁴ Nina basha abaphendukile, aniboni yini ukuthi uJesu uyaphila na? Ulapha, lowo nguYe...?... Manje ngamunye emkhulekweni ngisakhuleka.

¹⁶⁵ Nkosi Nkulunkulu waseZulwini, owadala umhlaba nazo zonke izinto, siza manje.

¹⁶⁶ Ngiyamlahla udeveli ozama ukubamba lababantu! Sathane, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu ilapha...?... unqotshiwe. Ngiyamkhuza udeveli wokugula nezinhlupheko ezivela kulababantu! Phuma kubo, Sathane! EGameni likaJesu Kristu phuma lapha! U...fanele uhambe! Sisho eGameni likaKristu ukuba uhambe!

¹⁶⁷ Nonke nina enikholwa ngenhliziyo yenu yonke, yimani ngezinyawo zenu, ninike uNkulunkulu udumo nenkazimulo. Ngithi ningaphulukiswa khona manje. Phakamisani izandla zenu futhi niMnike udumo futhi...?... 

58-0315 Ukukholwa
ENational Guard Armory
EHarrisonburg, EVirginia E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org